# Ubungani bukaPhepha noSiyacela


Ibhalwe ngu Khanyisa Mukansi
Kufanekiselwa ngu Dale Blankenaar





Kuhunyushwe ngu Samkelisiwe Nyathi

UPhepha wayengumfana oneminyaka eyisishiyagalolunye. Wayehlalal esigodini saseMatsheni futhi evela emndenini wakwaZungu.

UPhepha wayengumfana okhuluphele ngoba wayekuthanda kakhulu ukudla. Ukudla akuthanda kakhulu bekuyi-KFC, amachips, amaswidi nesiphuzo esibandayo.

Waqanjwa ngelikaMafutha esikoleni. Abazali bakhe babemthanda kakhulu. Babehlala bemthengela konke ukudla akufunayo.

Bekufanele njalo bamthengele izingubo ezintsha njengoba umzimba wake ubukhula ngokushesha okukhulu.

UPhepha ubethanda ukucula nokudlala nomgani wakhe, uSiyacela Zondi.

U-Phepha wayehlala nabazali bakhe, uMnu noNkk Zungu. Abafowabo ababili abadala basenyunivesi.

Uyise wayecebe kakhulu. Ubenamabhizinisi, enezinkomo eziningi futhi ebuye abe yikhansela likamasipala wangakubo. U-Phepha wayenza ibanga lesithathu eVukani Primary School.



UNkk Zungu wenze isiqiniseko sokuthi uPhepha uya esikoleni nesikhwama sakhe sesikole, kanye nesikhwama esincane esigcwele ukudla. Izingane eziningi zakufisa ukudla kukaPhepha.



Abafundi babehlala begigitheka ukuphatha isikhwama esincane ukuze bathole ignxenye yokudla kukaPhepha.

Lokhu kwenza uSiyacela angajabuli kwazise ubengumngane weqiniso kaPepha. U-Siyacela wayengumfana okhaliphile futhi othule kakhulu.

Wayengakuthandi ukudla futhi wayekujabulela ukucula noPhepha uma bendawonye. Wayekujabulela ukulalela izindaba uPhepha amxoxela zona. Babehlala njalo bebambisana futhi bezwelana.

UPhepa wayekujabulela ukudla ekilasini ikakhulukazi lapho uthisa wakhe ebhala ebhodini. Lokhu kudale ukuthi abambezeleke ukuqeda umsebenzi wakhe ekilasini.

Abafana abagangile bamtshela ukuthi akumele akhathazeke ngemfundo ngoba, imfundo eyabantu abampofu.



Labo abafuna ukudla ukudla kwakhe, bamtshela ukuthi bazombhalela umsebenzi uma ebanikeza ukudla.

U-Phepa wajwayela ukuthi umsebenzi wakhe wenziwe ngabanye ekilasini. U-Siyacela akavumelananga nalokhu.

Ugxeke laba bafana ngezinhlelo zabo zokukhohlisa. Laba bafana batshele uSiyacela ukuthi uPhepha uyikhefi labo elincane okungamele livalwe yinoma ngubani.

Bathembisa ukumshaya aze avuvuke njengoPhepha. Baphinde bamsabisa ngokuthi uzobazi kahle uma ezohamba ayobikela uthisha noma uthishanhloko ngalokhu.

Usiyacela wayesaba kakhulu. Kodwa, utshele ugogo wakhe ukuthi kwenzakalani kuPhepha esikoleni ngenhliziyo ebuhlungu.

Wachazela ugogo ukuthi uPhepha wayesalele emuva kanjani ezifundweni zakhe.

Ugogo kaSiyacela, umaKubheka wabe eseya kuNkk Zungu ngokuzithoba ukuyolungiselela lolu daba.

Ngeshwa, lokhu kwamcasula kakhulu uNkk Zungu. Usole uSiyacela nogogo wakhe ngokufuna ukuhudulela igama likakhansela uZungu odakeni.

Uveze ukuthi uPhepha uyingane ehlakaniphile okumele ifunde esikoleni edolobheni nezingane zabanye abacebile.



Ubuye waveza nokuthi indodana yakhe akufanele ngabe isesikoleni esisodwa nezingane zabampofu njengoSiyacela.

Ubuye waveza nokuthi uzotshela ikhansela ukuthi wazisiwe ukuthi indodana yakhe isengozini eVukani. Ube esethi uzocela ukuthi, uPhepha adluliselwe ngokushesha eSunshine Learning Centre edolobheni.

Watshela isalukazi ukuthi asiphume endlini yakhe ngokushesha. Uze wathembisa ukuthi uzobiza amaphoyisa uma engaphinde abeke unyawo endlini yakhe.

Ugogo ucishe wawela phansi ngesikhathi uNkk Zungu eshaya isicabha ngamandla.

Ugogo maKubheka ubuyele ekhaya elimele kabuhlung ngendlela uNkk Zungu akhulume ngayo naye.

Uveze ukuthi uNkk Zungu ubeziqalekisa emini kukhanya. Ubuye waveza nokuthi uNkk Zungu wayengenakho ukubona kahle ngempilo.



Wafunga wagomela ukuthi kukhona okuzofika, okuzokwenza uNkk Zungu agwinye amazwi akhe. USiyacela wamangala futhi waphatheka kabi umaezwa ukuthi uPhepha uzosuswa eVukani.

Bekuvele kuyisifiso sikaNkk Zungu ukususa uPhepha eVukani amyise esikhungweni sokufunda esisedolobheni.

Wayefisa sengathi uPhepha angakhuluma isiNgisi njengezinye izingane zabazali abacebile. Nokho, wayesaba ukutshela umyeni wakhe ngesifiso sakhe.

Izindaba ezalethwa yisalukazi zenze kwalula ukuthi lisebenze uhlelo lwakhe.

Akachithanga sikhathi, wafonela umyeni wakhe, waveza nokuthi wazisiwe ngugogo kaSiyacela ukuthi, uPhepha wayesengozini eVukani.

Lokhu kwenze ukuthi uMnu Zungu athathe isinyathelo ngokushesha, aye kuthishanhloko weSunshine Learning Centre.



UMnu Zungu ususe uPhepha eVukani wamyisa eSunsine Learning Centre. Bekanye nonkosikazi baya ehhovisi likathishanhloko.

Uthishanhloko, uMnu Smith, ubheke umbiko wekota yokuqala wanikina ikhanda.

Ubakhombisile ukuthi amamaki kaPhepha eSingisi neZibalo awahlangabezani nezidingo zesikole sakhe.

Ubakhumbuze ukuthi esikoleni sakhe kusetshenziswa isiNgisi kuzo zonke izifundo. Uveze ukuthi njengothishanhloko wesikole kumele alondoloze izinga lesikole. Lokhu kwenze uNkk Zungu wakhala ngokungalawuleki, futhi wathi kuncono afele kulelo hhovisi. Lokhu kumethuse kakhulu uMnu Smith.



Ngokushesha ubacele ukuthi bakhokhele amakota amathathu futhi, bathengele uPhepha umfaniswano wesikole. Wamangala lapho uMnu Zungu embonga futhi emthembisa ukuthi uzokhokha yonke imali edingekayo.

Uthishanhloko wabe esethi abalethe uPhepha ngakusasa. Wakhululeka kakhulu lapho bephuma ehhovisi lakhe.

Ngosuku olulandelayo uPhepha ugqoke umfaniswano wakhe omusha wesikole: ibhulukwe elimpunga, ihembe eliphuzi, uthayi oluhlaza onemivimbo ephuzi kanye nezicathulo ezimnyama.

UMnu Zungu uthathe uPhepha wamyisa eSunshine Learning Centre ngeMercedes Benz yakhe entsha ebomvu, kanye nonkosikazi wakhe. U-Phepha wayethule ngenkathi umama wakhe ekhuluma kamnadi emotweni.

U-Phepha wamukelwa ngemfudumalo ekilasini lakhe, uthisha wesifazane omhlophe. Uthole ukuthi abafundi abagcini ngokweqile njengaseVukani, kanti umuntu ngamunye ubehleli yedwa. Wayengazi ngisho nomfundi oyedwa ekilasini.



Lapha nalaphaya wabona abafundi abamhlophe. Ikilasi lalilihle futhi lihlanzekile futhi lalinakho konke okulindelwe ekilasini. Waphinde wazitholela isihlalo sakhe, itafula, nezincwadi ezintsha ezimlungele.

Wazizwa elahlekile wahalela ukubuyela eVukani. Bekuyisikhathi seZibalo, futhi bebevuselela umsebenzi wekota yokuqala.

UPhepha wamangala lapho ebona abafundi bevula izincwadi zabo, beqala nokubhala ngaphandle kokududulwa nguthisha wabo.

Uthisha waya kuye wavula incwadi yakhe, wamchazela nangesingisi okulindeleke ukuthi akwenze.

UPhepha akakuzwanga futhi akakuzwisisanga ukuthi uthini uthisha. Wayefisa sengathi uthisha angachaza ngesiZulu.

Abanye abafundi babematasa nomsebenzi wabo, baqhubeka nokubheka uPhepha owayesokola ukubhala. Waqala futhi ukuzizwa elambile kakhulu.

Lokhu kwalandelwa ukuqhuma okukhulu okuvela esiswini sakhe. Abafundi bephenduka bamhleka ngokungalawuleki. Uthisha ubakhuze kakhulu wabacela nokuthi bamlethele izincwadi zabo. UPhepha akazange aqede ngisho isibalo esisodwa.



Lokhu kwalandelwa yisikhathi sokufunda sesiNgisi lapho umfundi ngamunye kwakufanele afundele phezulu.

UPhepha wamangala lapho ezwa ontanga yakhe befunda njengezikhulumi zesingisi, yena engakwazi ngisho nokufunda ngokuzwakalayo. Ngemuva kwesikhathi, walala, wavuswa ngesikhathi sekhefu.

UPhepha akakwazanga ukudla ukudla kwakhe ngeskathi sekhefu. Wakwazi kuphela ukuphuza isiphuzo sakhe seCoke. Wayefisa ukuba noSiyacela umngani wakhe.

Ngemuva kwekhefu uye ekilasini lesiZulu ebelinikelwa ngu-madam Sithole lapho ephinde wakuthwala kanzima ukufunda nokubhala. Isonto lonke, wazithola enomsebenzi omningi ongaphelele. Wayengenamuntu ozomsiza ngomsebenzi wakhe.

Abazali bakhe babematasa ngamabhizinisi abo nezindaba zomphakathi. Ukungenzi kahle kukaPhepha kubikiwe kuthishanhloko, osheshe wabizela uMnu Zungu ehhovisi lakhe.

UMnu Zungu umangele uma ezwa ngalokhu. Uthishanhloko uveze ukuthi ulwazi lukaPhepha lilingana nolwazi lomfundi webanga lokuqala eSunshine Leaning Centre.



Unike uMnu Zungu lezi zimfuneko ezilandelayo: ukukhuluma noPhepha ngesiNgisi ekhaya ngaso sonke isikhathi, ukumeseka nokuhlola umsebenzi wakhe njalo, ukumsiza ngokufunda nokibhala umsebenzi wakhe, ukuthola umuntu othembekile ongamsiza ezifundweni zakhe, ukuya emakilasini okulungisa izifo, nokubhala izivivinyo ngoLwesihlanu nokuthi uPhepha kulindeleke akhombise ukuthuthuka ngenyanga noma abuyele eVukani. U-Mnu Zungu uthembise ukuthi uzokwenza lokho.

Lapho kuqala isonto lesibili, lithole ukuthi uPhepha wehlile emzimbeni. U-Phepha ukhale kakhule watshela umama wakhe ukuthi akasayi eSunshine Learning Centre. Lokhu kumethuse kakhulu uNkk Zungu.

Wayecabanga ukuthi uyaphupha ngenkathi uMnu Zungu emtshela lezi zindaba ezivela kuthishanhloko, uMnu Smith.

Umama kaPhepha ukhale kamunyu waveza nokuthi abantu bazocabangani ngaye nokuthi umndeni wakhe uzoba yinhlekisa esigodini sabo nokuthi, lolu daba luzomhlanyisa.

Ukhale kakhulu kumyeni wakhe ukuthi axazulule lolu daba. UMnu Zungu ubheke izidingo zikathishanhloko zokusiza uPhepha. Uthole ukuthi kuzoba nzima ukuthola umuntu ongasiza uPhepha ezifundeni zakhe.



Ukhumbule ngokushesha uSiyacela, umngani kaPhepha. Uphethe ngokuthi kungaba lula uma uSiyacela engafunda esikoleni eSunshine Learning Centre ehambisana noPhepha.

Wahlushwa ukubona uPhepha nomkakhe bekhala kungathi kukhona ukufa emndenini. Wabathembisa ukuthi uzosebenzisa amandla akhe ukuxazulula lolu daba.

U-Mnu Zungu uye ku gogo umaKubheka ngokuzethemba. Ugogo uveze ukuthi uSiyacela angaya ukuvakashela umngani wakhe uma ehamba naye.

Ngokuhamba kwesikhathi, bangene emotweni kaMnu Zungu baqonda ekhaya. Ekufikeni kwabo bathola uNkk Zungu owayengagqokile ngokweqile njengenjwayelo. Wabonakala enenhliziyo ebuhlungu.

Ngokuphazima kweso, abafana bagxuma, bangana futhi bacula ndawonye ngenjabulo.

Bahlanganisa izandla bagijimela egumbini likaPhepha. U-Mnu Zungu ngokuhamba kwesikhathi ubathole bematasa nezincwadi zikaPhepha.

U-Siyacela ubematasa echazela uPhepha ngomsebenzi obunzima kuye. Ube esebagona abafana wamamatheka.

Ngokuhamba kwesikhathi ucele abafana ukuthi baphuze nabo itiye. Ugogo wamangala ngesicelo esivele kuMnuZungu.
Kodwa akazange enqabe.

Uvumile ngoba ebona ukuthi izingane zilulalele lolu daba ngakho-ke, akafuni ukubaphoxa kwazise bebejabule.

Lezi zindaba zazibajabulise kakhulu abafana. UNkk Zungu wasukuma, wagona ugogo umaKubheka, wabonga.



